basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESIBILI (P2)

FEBRUWARI/MASHI 2014

IMEMORANDAMU

AMAMAKI: 70

Le memorandamu inamakhasi ayi-15.

ISIQEPHU A: INOVELI

KUSINDA KWEHLELA ENDODENI – SJ Mchunu

UMBUZO 1

Izimpendulo zabafundi zingabhekiswa kulokhu okulandelayo:

- UManyoba weqa wayosebenza ezimayini eGoli.
- Waqhubeka wayosebenza efemini
- Wayethumela imali ekhaya ukuze abazali bakhe bamthengele izinkomo zokulobola
- Walobola waqeda washada uMaNdlovu
- Esebenza waya kofunda esikoleni sasebusuku, ezithuthukisa ngoba wayengafundanga
- Ngaphezu kwalokhu uManyoba wayezithuthukisa efunda ngeposi
- Emsebenzini washeshe wakhushulelwa esikhundleni ngoba wayesebenza ngokuzimisela futhi eshesha ukufunda umsebenzi
- Wayemhlonipha umkakhe, akazange abhunguke njengamanye amadoda
- Wayethanda ukuxoxela abantu amancoko futhi anezifundo phakathi
- Uma ebuyile ekhaya wayefike ahlabe ameme abantu bendawo
- Wayesebenza ngokuzikhandla efundisa izingane zakhe
- Izingane zakhe zafunda zathola imisebenzi emihle
- Wasuka endaweni yakubo ngoba engafuni izingane zakhe zisebenze 'isithupha'
- Izinkinga ayebhekana nazo emsebenzini wayezixazulula ngokukhulu ukuhlakanipha nesibindi
- Wayengakhethi ukuxoshisa loyo osephutheni noma ngabe unasiphi isikhundla
- Wafundela ukushayela waba ngumshayeli wasedeli eMgungundlovu
- Wathi esebhekene nezinkinga zokuphelelwa imali wabiza amadodana akhe wawabikela
- Ngenkathi behlala ngokwehlukana nomkakhe wayezama ukuxhumana naye ngocingo ukuze ezwe ukuthi uphila kanjani
- Sebehlangene nomkakhe wazama ukuthi amthathe ahambe naye
- Wawina isizumbulu semali ye Lotto, wenza umcimbi omkhulu wabikela umphakathi ngezinto ezamehlela nendlela izingane zakhe ezamphatha ngayo
- Ekugcineni wayishiyela izingane zakhe imali kanye nabazukulu kodwa wabeka imibandela eyayizokwenza ukuba bafunde ukusebenza bakhulise izingane zabo.

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) **[35]**

NOMA

UMBUZO 2

2.1 uMchunu. (1)

2.2 uMirriam (1)

2.3 Ukuze umndeni wakubo uqhubeke nokuhlala endaweni yomlungu. (2)

2.4 Ezimbili zalezi zindawo
- eGoli,
- ePitoli
- eMgungundlovu (2)

2.5 Wawuphila kahle, izingane zifunda zingasweli lutho, kodwa ngenkathi elinde impesheni wayesehlupheka (2)

2.6 2.6.1 isithupha (1)

2.6.2 eGoli (1)

2.6.3 eMvoti (1)

2.6.4 uManyoba (1)

2.7 Okubili kwalokhu:
- Wafundisa amadodana akhe
- Wahamba wayokwakha umuzi eZitendeni
- Wayengakayiholi impesheni yakhe (2)

2.8 Bavumelana ngokuthi uMaNdlovu uzohamba ayohlala kwaFanyana, uManyoba ayohlala kwaMjwayeli bese emva kwezinyanga ezine bashintshane baye kohlala kwaBheki nakwaMduduzi (2)

2.9 2.9.1 Ukucabanga (2)

2.9.2 Ukuphela kwento ethize (2)

2.9.3 Ukukhokhela umuntu kungafanele ngoba ufuna akusize (2)

2.10 Umakoti wakwakhe wayengafuni acule futhi athandaze, wayengafuni uma eluleka umzukulu wakhe wentombazane. (2)

2.11 Wabatholela indawo yokulala wabanika imali yokuba baphindele emzini wabo (2)

2.12 Yebo waphumelela:
- Wahamba wayofaka/wadlala izinombolo zeLotto
- Wawina isizumbulu semali. (2)

2.13 uMduduzi, wabona ngenkathi ethenga iphephandaba iLanga LaseNatali (2)

2.14 Izimpendulo ziyokwehluka:

Yebo – kwakufanele ngoba abazukulu babengenacala njengamadodana akhe ahluleka ukumnakekela.

Cha – yingoba amadodana akhe awazange abaphathe kahle benonkosikazi wakhe njengabazali babo. (2)

2.15
- Ukusebenza kanzima uma ufuna ukuphumelela
- Ukuthi imfundo ayikhulelwa
- Ukubaluleka kokuphatha kahle abazali bakho

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (3)
[35]

NOMA

UMBUZO 3: *UMSHADO* – N Zulu

- UTholakele uvuka ekuseni zonke izinsuku athi uya emsebenzini kanti uqamba amanga
- Uzilile kodwa inzilo yakhe uyiqgoka sengathi umswenko
- Ugqoka isiketi esifishane esivuleke ngaphambili, ulungisa izinwele akashuquli iduku njengomfelokazi
- Utshela uBhekani ukuthi uphuma nini emsebenzini ukuze amhlangabeze abe azi kahle ukuthi akasebenzi
- Unomngane uPamella ongumlungu noZenze oyisigebengu
- Utshela uBheki ukuthi uZenze ufana noyise kuye
- Udla izidakamizwa futhi uphuza notshwala
- Ukhohlisa uBhekani ukuthi abantu baseNyawoshane bamthanda uPamella ngoba akaziphathisi okomlungu
- UTholi noPamella bahlangene ngokungcola njengoba babonakala benza imikhuba engalungile ebusuku endlini kaTholi
- UTholi, uZenze noPamella bahlangene ngamanga nokudayisa izidakamizwa
- UTholi noZenze bathatha imali yelobolo elakhokhwa uBhekani
- Waboleka imali kaBhekani eyokhipha uZenze ejele wangabe esayibuyisa
- UTholi njalo uhlale eyenga uBhekani ngocansi ikakhulukazi uma embuza ngemvelaphi yakhe kanye nokunye afuna ukukukwazi njengomuntu azoshada naye
- UTholi wakhohlisa uBhekani wathi amaphilisi ayesendlini amaningi awabantu besifazane kanti izidakamizwa
- UTholi wayazi ukuthi uLindiwe uvakashele uBhekani wahamba waya kolanda uBhekani kubo ebusuku phambi kukaLindiwe
- UTholi wenza ubugebengu bokuthi kufike abantu kubo kaBhekani bayolanda uLindiwe bathi bathunywe uBhekani
- UTholi ngenkathi elele esibhedlela watshela uBhekani ukuthi badlala ngaye bathi udla izidakamizwa
- uTholi wathi uma uBhekani embuza ngamaphoyisa akade ezomfuna esibhedlela waqamba amanga wathi umzala wakhe ubehamba nabangane bakhe
- Waqamba amanga wathi uPamella uvakashele unina epulazini kanti uyazi ukuthi ucashela amaphoyusa
- Ngelanga lomshado ngenkathi ubaba kaTholi ebuza ngemali yelobolo uTholi waya kokhuluma naye kwangezwa muntu ukuthi uthini wase ethula uyise
- Ngelanga lomshado ngenkathi eboshwa uTholi, akakhombisanga ukusaba nokuphika wavele watshela uBheki ukuthi akofika ecaleni

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngabafundi) **[35]**

NOMA

UMBUZO 4: *UMSHADO* – N Zulu

4.1 Eyokukhokha ibheyili kaZenze/yayibolekwe uTholi ezokhipha ngayo uZenze ejele (2)

4.2 Ebhange (1)

4.3 Izidakamizwa (1)

4.4 Waphakamisa isandla embingelela. (1)

4.5 Cha, uTholi wathi izokhokhwa emva komshado (2)

4.6 Waya emzini kamalume wakhe/waya kobona umalume wakhe (1)

4.7 Ukubheka ngapha nangapha. (2)

4.8 4.8.1 UBhekani noLindiwe babethandana/uBhekani unengane noLindiwe. (2)

4.8.2 Basebenza ndawonye/bangothisha esikoleni esisodwa/ bangabangane. (2)

4.9 Okuthathu kwalokhu:
- UTholi noPamella babedla izidakamizwa bephuza notshwala
- Babedayisa izidakamizwa
- Babesebenzisa imali yomgunyathi
- Babencelana amabele bagezane imizimba
- Babehlangene ngokukhohlisa uBhekani ngoba bedla imali yakhe

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (3)

4.10 Wayemane amange bese emyenga ngocansi/wayethi uyobuye amchazele (2)

4.11
- Yamthatha kubo kaBhekani (2)
- Kwafika abantu abathathu bathi bathunywe uBhekani ukuba bahambise uLindiwe kubo, babehamba ngemoto ebomvu. (2)

4.12 Okune kwalokhu:
- Wayethi kufanele abuze uTholi ukuthi uyasebenza noma cha
- Wayemtshela ukuthi uTholi uyingozi ngoba uBhatomu uyamfuna, ufuna ukumngena
- Wamtshela ukuthi akobheka/alunguze ukuthi uTholi noPamella benzani uma bendawonye endlini
- Wathi akobuza uTholi ukuthi udayisani uPamella
- Wayemluleka ukuthi kufanele ambuze uTholi izinto angashadi nomuntu angazi lutho ngaye

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (4)

4.13 Wayecabanga ukuthi uLindiwe uzowumisa umshado. (2)

4.14 Okubili kwalokhu:
- Omakoti baphuza kakhulu ukufika esontweni.
- Ubaba kaTholi wamemeza ebuza ukuthi ubani othathe ilobolo likamakoti.
- Kwafika amaphoyisa abopha uTholi.
- Kwafika uLindiwe nengane encane.

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (2)

4.15 Umbono –
- Yingoba uBheki uyangabaza uma uSifiso embuza/ngoba uTholi wathi kuBhekani ngeke akwazi ukumbona uma efika emsebenzini (efemini) wakhe

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (2)

4.16 Izimpendulo ziyokwehluka:
- Ubugebengu abubuyiseli ngoba ekugcineni uyabanjwa/
- Kubalulekile ukulalela nokuthatha iziyalo kubantu abakukhathalelayo. (2)

[35]

AMAMAKI ESIQEPHU A: 35

ISIQEPHU B: UMDLALO

UMBUZO 5: *ISIKO NELUNGELO* – N Zulu

Izimpendulo zabafundi zingabhekiswa kulokhu okulandelayo:

- Kulo mdlalo uThenjiwe washonelwa umkhwenyane wakhe esemncane ehlala emzini
- uMaMbatha umamezala kaThenjiwe wathi kufanele angenwe uDumsane umfowabo omncane kamufi.
- UThenjiwe wayefuna ukuphindela ekhaya ayoqala impilo kabusha
- UMaMbatha watshela uZungu ukuthi uThenjiwe kufanele agane uDumisane
- UNondumiso wayelwela uThenjiwe ethi akanikwe ithuba lokusebenzisa ilungelo lakhe lokuzikhethela ukuthi ufuna ukwenzani
- UMaMbatha waxabana noNondumiso ethi wonisa uThenjiwe
- UDumisane washaya uThenjiwe ngenkathi ehamba noSipho esitolo
- Usipho walwa noDumisane
- uMaMbatha waya kwaMondise waqamba amanga wathi uThenjiwe uthumele isoka lakhe ukuba lihlasele uDumisane
- Ugogo kaThenjiwe wayegula ethi ngeke aphumule uma uThenjiwe engavumi ukugana uDumisane
- UMondise waxosha uNondumiso indodakazi yakhe endala eyabe isiganile ukuthi ingaphinde ize ekhaya
- UThenjiwe wafakela uDumisane ushevu etiyeni ngoba efuna afe
- UMondise waphoqa uThenjiwe ukuba agane uDumisane ngoba usefake abakwaZungu ezinkeni zokucishe abulale indodana yabo
- USipho waboshwa kwathiwa uyophuma ejele uma uThenjiwe evuma ukugana uDumisane
- USipho wafela ejele washiya ebhalele uThenji incwadi yokuthi agane uDumisane
- Ekugcineni uThenjiwe wagana uDumisane, baba nendumezulu yomshado

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) **[35]**

NOMA

UMBUZO 6: *ISIKO NELUNGELO* – N Zulu

6.1 Elokuthi uThenjiwe azikhethele ukuthi ufuna ukwenzani ngempilo yakhe/ ufuna ukugana bani. (2)

6.2 Uthi ngabe usefile njengoba egula nje, inkinga uwena. (2)

6.3 Babexatshaniswa ukuthi uphoqelela ingane yakubo ngento engayifuni. (2)

6.4 Wangitshela konke ebengingakulindele phambi kobaba wezingane. (2)

6.5 Wayekhaliswa ukuthi uSipho useshonile. (2)

6.6 Wayelinde ukuthi avume uThenjiwe angenwe (2)

6.7
- Uphendulana/uphikisana noninazala uma ezama ukumtshela ngokugcinwa kwesiko.
- Uphendula uyise uMondise nanoma esemkhuza ngokungalaleli kwakhe okushiwo emzini.

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (2)

6.8 Wahamba waya emzini kadadewabo uNondumiso/Wazama ukubulala uDumisane ngoshevu
(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (1)

6.9 USikhumbuzo kwakungumyeni kaThenjiwe osashona. (2)

6.10 Inkolelo yokuthi umphefumulo wakhe ubanjwe ukuthi uThenjiwe akafuni ukwenza isifiso sakhe sokugcina (2)

6.11 Ukuthi wayemthanda futhi ezitshela ukuthi uyena angagcina ethandana naye baze bashade. (2)

6.12 Wawuthi ucela agane uDumisane (2)

6.13 Okubili kwalokhu:
- Ababizwanga ofakazi ngelanga lecala
- Kwathiwa icala abekwa lona elokonisa uThenjiwe emzini
- Kwathiwa uyophuma ejele uma uThenjiwe evuma ukugana uDumisane

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (2)

6.14 Izimpendulo ziyokwehluka:

Ngiyavumelana – ngoba ufuna ukuyovalelisa njengoba washona esathi usazombona futhi washona ngenxa yakhe.

Angivumelani – uThenjiwe ungumakoti kolumuzi kanti futhi kuningi ose kubaxabanisile ngenxa yakhe uSipho nabalana ekhaya. (2)

6.15
- Ukuthi ubaphoxile emzini wacishe wabulala indodana yabo uDumisane.
- Kufanele abuyise ilobolo uma uThenjiwe enqaba ukugana uDumisani.
- Ugogo uyagula uthi uzophumula uma uThenji egana uDumi

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (3)

6.16 6.16.1 C Isizinda (1)

6.16.2 F UGugu (1)

6.16.3 A UMaMkhize (1)

6.16.4 B UMaNzuza (1)

6.16.5 D Inzilo (1)

[35]

NOMA

UMBUZO 7: *ABABULALI BENYATHI* – RM Mngadi

Izimpendulo zabafundi zingabhekiswa kulokhu okulandelayo:

- Ikhansela uDuma ufuna ukuletha intuthuko endaweni ebuswa yinkosi uShandu.
- Lokhu kuba nzinyana ngoba inkosi nayo isebenza ngendlela yayo lapho kufanele uDuma azoqala kuyona ngaphambi kwakho konke akwenzayo.
- Abasebenzisana nenkosi abamkeli abaholi abakhethwe umphakathi ngokuvota ibe inkosi yendawo ephethe ikhona.
- Ukulethwa kwentuthuko kuyaphazamiseka ngenxa yenduna yenkosi uDlamini kanye nonobhala wekhansela uMbandlwa.
- UDuma ulalela unobhala wakhe uMbandlwa noma esemenzisa izinto ngenkani bagcine bengahloniphi nenkosi yendawo uShandu.
- UDlamini naye ufaka inkosi umoya ongemuhle wokuthi uDuma ubanga nayo inkosi isihlalo.
- UDlamini ubona ukuthi nayo inkosi ingawenza lo msebenzi okuthiwa uzokwenziwa yikhansela.
- Inkosi izizwela ukungahlonishwa yikhansela uDuma noMbandlwa ngoba bengaceli kuyo kodwa bavele bazenzele imihlangano ngaphandle kwemvumo yayo.
- UMbandlwa udelela inkosi eyibiza ngamagama.
- Ukungezwani kwekhansela nenkosi kudala ukungqubuzana okwaholela ukuchitheka kwegazi.

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) **[35]**

NOMA

UMBUZO 8

8.1 Izifungo zomshado. (2)

8.2 Yingoba wayengavumelani nokwenza kwabo uma bengafuni ukwazisa inkosi ngaphambi kokubamba umhlangano. (2)

8.3 8.3.1 KwaMashu. (1)

8.3.2 Wayengaganiwe. (1)

8.4 Umhlangano wentuthuko. (2)

8.5 Walikhipha ngobunono waligoqa kahle. (1)

8.6
- Yingoba umhlangano uzobe uqashelwe/ubhekwe ngamaphoyisa. (1)
- Abantu bazoza bekhululekile ngaphandle kokwesaba. (1)

8.7 UDuma akafuni ukumlalela lapho emxwayisa ngesenzo sokudelela inkosi. (2)

8.8 UDuma uyikhansela lendawo kanti uMbandlwa ungunobhala wakhe. (2)

8.9
- Inkosi uShandu
- noDlamini. (2)

8.10 ODuma bafuna ukulethela abantu intuthuko kanti oDlamini bona abahambisani nalowo mbono./Oduma abayihloniphi inkosi bavele babize umhlangano bengayitshelanga (2)

8.11 Yebo ngiyavumelana:
- Ukufaka ugesi endaweni.
- Ukudonsa amanzi ngamapayipi.
- Ukubalethela umtholampilo eduze.
- Ukwakha izinkundla zemidlalo.
- Ukubafakela utiyela emigwaqeni.

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (3)

8.12
- Bobabili bagqugquzela/bakhuthaza ukuthi kube noxolo. (1)
- Bazama ngakho konke ukuthi kungachitheki igazi endaweni yenkosi. (1)

8.13
- **UDuma** – uyikhansela lendawo alakhethwa ngentando yeningi. (2)
- **Inkosi uShandu** – umholi wendabuko ongakhethwanga ngabantu (2)

8.14 Izimpendulo ziyokwehluka:
- Ungasebenzi ngenkani ugcine ungasahloniphi.
- Qaphela nabesifazane bangaba nazo izimpendulo ezingalekelela kulokho okwenzayo.
- Udlame nenkani aziphumelelisi.

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (2)

8.15 8.15.1 C uMaNgema. (1)

8.15.2 D Inkosi uShandu (1)

8.15.3 E uDlamini (1)

8.15.4 B uDuma (1)

8.15.5 A ummeli wenkosi (1)

[35]

AMAMAKI ESIQEPHU B: [35]

NOMA

ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFUSHANE

IZINYEMBEZI ZOTHANDO – DBZ Ntuli (Umhleli)

UMBUZO 9: *ILOBOLO* – S Zimema

Izimpendulo zabafundi zingabhekiswa kulokhu okulandelayo:

- Kule ndaba uMandlenkosi nguyena mlingiswa oqavile.
- UMandlenkosi wayesenkingeni enkulu, wayesekhokhe ilobolo sekusele usuku lomshado.
- Umkhwe wakhe wayesedle lonke ilobolo kodwa engafuni ukukhipha usuku lomshado. Ngaphezu kwalokhu wayengafuni nanokuthi uMandlenkosi nomakoti wakhe bahlangane ngokocansi.
- Lokhu kwakumphatha kabi uMandlenkosi nomakoti wakhe inkinga kwakungukuthi umkhwe wakhe wayenehliziyo ebukhuni engafuni ukubonisana namuntu.
- Eselobole waqeda washona umakoti engozini yemoto.
- Umukhwe akasenayo imali yokukhokhela umngcwabo.
- Usefisa ukusizwa nguMandlenkosi, akavumi ukusiza uMandlenkosi.
- Abazali bakhe sebenamahloni bayafisa ukusiza kodwa inkinga babengenayo imali.

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) **[35]**

NOMA

UMBUZO 10: *Mhla* Liduma Laduma – MJ Mngadi

10.1 Babeya eThekwini. (1)

10.2 Okuthathu kwalokhu

- Iphunga elibi elaliphuma kumanabukeni engane.
- Ukukhala kwengane.
- Ukunuka kwamasokisi kaPhakathi.
- Ukungena kwamaphoyisa eloku ephindelela.
- Ukuhona kukaPhakathi. (3)

10.3 Wayefihle amadayimane ebhakedeni. (2)

10.4 Lalinotshwala. (1)

10.5 uLaphazima. (1)

10.6 10.6.1 Amadayimane. (1)

10.6.2 Eyigagu. (1)

10.7

- UMaNyambose.
- UNyandeni
- UPhakathi (3)

10.8 10.8.1 Ukuthuka isisinga-Ukwenza into ongayijwayele, oqalayo ukuyenza. (2)

10.8.2 Ukuba namahloni-Ukwesaba ukukhuluma noma ukuma phambi kwabantu, ikakhulukazi ongabajwayele. (2)

10.9
- ULaduma wayenza sengathi uhamba nengane engenanina kanti yena uyazi ukuthi unina uzofika emva kwesikhathi azoyincelisa.
- UMaNyambose wayenza sengathi ungumgibeli nje ojwayelekile kanti uyiphoyisa eliqaphe uLaduma.
- UPhakathi wayenza sengathi ungumgibeli oziphuzela utshwala kanti naye uqaphile.
- UNoziphepho wayenza sengathi abazani noLaduma kanti bayazana nengane ehamba noLaduma eyakhe.

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (4)

10.10
- Bagibela isitimela esisodwa bahlala kumakhompathimenti angafani.
- Uthe uma uNoziphepho esecabanga ukuthi kufanele ukuthi ngabe ingane isilambile wehla kwikhompathimenti yakhe waya kwekaLaduma wafika wenza sengathi abazani.
- ULaduma wabe esemncenga ukuthi amncelisele umntwana, waqala wanqaba wagcina esevumile.
- Lokhu babekwenzela ukuthi abantu bangasoli ukuthi bayazana ngoba babezoba nemibuzo eminingi futhi babezoyeka nokumdabukela ngoba ehamba nengane elahlwe ngunina.

(Nokunye okunembayo okungashiwo umfundi) (4)

10.11 Okukodwa kwalokhu:
- Wayefuna ukudatshukelwa ukuze amaphoyisa angamsoli ukuthi wayephethe amadayimane angekho emthethweni.
- Wayefuna ukusebenzisa iphunga lamanabukeni engane ukuthi lisheshe lixoshe nabantu abalokhu bebanga isicefe bembuza imibuzo eminingi. (2)

10.12 Okukodwa kwalokhu:
- Ekugcineni kuvela ukuthi uLaduma uhamba nje ugadiwe kanti yena ubecabanga ukuthi uhamba nabagibeli nje abajwayelekile kwikhompathimenti.
- Kuvela ukuthi uLaduma noNoziphepho ngabazali bakaLaphazima.
- Ekugcineni kuvela ukuthi ibhakede ebekulokhu kuthiwa linemikhwintsho ligcwele amadayimane, imikhwintsho ibisetshenziswa ukuxosha amaphoyisa ukuthi angasoli kunalokho amdabukele uLaduma ngokuhamba nengane engenamama.
- Ukuboshwa kukaLaduma.

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngabafundi) (2)

10.13
- Alikho iqili elazikhotha emhlane, uLaduma wayezitshela ukuthi uhlakaniphile kodwa ukuhlakanipha kwakhe kwaphela ngesikhathi eseboshwa.
- Ungabomethemba umuntu, uMaNyambose noPhakathi babezenza sengathi bafuna ukusiza uLaduma nengane yakhe eyayikhala kanti bayamlutha bamgadile.

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngabafundi) (2)

10.14 Yayiyiphoyisa langasese (2)

10.15 Yayizothuliswa ukuncela (2)

AMAMAKI ESIQEPHU C: 35

ISIQEPHU D: IZINKONDLO

IZINKWAZI ZOTHUKELA/AMAHLOKOHLOKO: EJ Mhlanga no JJ Thwala

UMBUZO 11: Kuyosala Izibongo – T Qwabe

11.1
- Imbongi izwakalisa ukuphatheka kabi kwayo ngamaqhawe asala empini kwajika kwaphela kanjalo. (1)
- Ikhaliswa ukuthi awazange agezwe kanti lokhu kuyingozi ngoba angeke kuphele ukulwa ngaphakathi kubona. (1)

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngabafundi)

11.2 Ichaza ukuthi kuxoxiswana ngezindaba zasemandulo. (2)

11.3
- Amahawu (1)
- Amaqhabanga (1)
- Amaklwa (1)

11.4 Esho ingoma yempi esenukelwa igazi. (2)

11.5 11.5.1 Ukucasuka kakhulu (1)

11.5.2 Ukusukelwa umuntu (1)

11.6 Isenzasamuntu (1)

11.7 Indawo eyihlane, ngoba ukhuluma ngendawo ewumfula neyihlathi elicinene. (2)

11.8 Yebo siyahambisana ngoba yize umuntu eshonile uyakhunjulwa ngezinto azenza esaphila. (1½)

11.9
- Ukuba bagezwe ukuze kuphele ulaka nokunukelwa igazi. (1)
- ukuthi kuxoliswe ezinsizweni ezazilwa empini. (1)

[17½]

NOMA

UMBUZO 12: Inhlansi Yakho Thuli – SB Mlambo

12.1 12.1.1 B Ukumangala (1)

12.1.2 C Ukubekezela (1)

12.1.3 A Ukukhula (1)

12.2 Kujuluke namehlo. (2)

12.3 Amalangabi othando. (2)

12.4 12.4.1 Ukwaliwa (2)

12.4.2 Ukuhlula umuntu ngenkulumo/ngamagama (2)

12.4.3 Ukunqoba ngothando (2)

12.5 Ukuxhumana siqalo (1)

12.6 Izimpendullo ziyokwehluka
-Ukukhala izinyembezi/ukusebenza ngokuzikhandla (1½)

12.7 Iqiniso:
Ekuqaleni sithola umoya wokukhathazeka ngoba waliwe uNontando bese ekugcineni sithola umoya wokujabula ngoba uthola intombi (2)
[17½]

NOMA

UMBUZO 13: Ngingoweliba – NL Luthuli

13.1 Yi-eleji (1)

13.2
- ithuna (1)
- iliba (1)

13.3 Mina nabo singabeliba (2)

13.4 Okubili kwalokhu:
- umndeni.
- izihlobo.
- abangani.
- omakhelwane. (2)

13.5 isihlonipho (2)

13.6 Ukuxhumana siqalo (1)

13.7 13.7.1 Ukulahlekelwa/ukuphelelwa (2)

13.7.2 Ukufa/ukungcwatshwa (2)

13.8 Le nkondlo ikhuluma ngokuthi wonke umuntu uyogcina eshonile/Ikhuluma ngokwenziwa abantu uma beshonelwe. (1½)

13.9 Iqiniso -
ngoba ikhuluma ngokufa kukaJesu/indodana kaSomandla (2)
[17½]

UMBUZO 14: Ungumzali Onjani? – DA Hlophe

14.1	Ungumzali onjani?		(2)
14.2	14.1.1	Isihlangu	(1)
	14.2.2	Isivunguvungu	(1)
	14.2.3	Anethezeke	(1)
14.3	Imvumelwano sigcino eyeqayo Isib: Umugqa 1 no 3 ... onja**ni**? ... ezindabe**ni**.		(2)
14.4	Isingathekiso.		(1)
14.5	14.5.1	Abasisongelayo.	(2)
	14.5.2	Ziwathole ephephile/evikelekile.	(2)
	14.5.3	Ukuhlala ukhululeke.	(2)
14.6	Ikhuluma ngomzali ongenandaba nezingane zakhe.		(1½)
14.7	Ongafundisi izingane zakhe ngempilo nokuzivikela lapho zihlangabezana nezinkinga.		(2) **[17½]**

AMAMAKI ESIQEPHU D: 35
AMAMAKI ESEWONKE: 70